




Imkhakha wokudoba
ngokwamazinga aphantsi
ngenhloso yokuziphilisa e
Ningizimu Afrika ubalulekile,
okuhlukahlukene futhi
nezinqinamba.


Abaholi babadobi bamazinga aphantsi
ngenhloso yokuziphilisa benze umsebenzi
obalulekile ngokwezopolitiki, ukwakha
inophakathi ngokugqogquzela **amalungelo
amazwi abadobi** ababamele.

Abadobi banolwazi olunzulu mayelana
nolwandle nogu lwalo; okufana nolwazi
ngangokomoya, imikhuba yosiko nezimiso
ezivikela impilo yasolwandle. Abadobi abaningi
bazibandakanya emikhakheni eyahlukene
yokuziphilisa ngaphandle ngokudoba, isibonelo
okulima, amabhizinisi amancane, ezokuvakasha.



Abaholi babadobi abaningi,
ikakhulukazi abesifazane, benza
umisebenzi ebalulekile yokunakekela
emiphakathini yabo, njengokondla
nokweseka imindeni entulayo,
abantwana nabantu abahlala
emigwaqeni, esikubone ngesikhathi
se COVID nemihla yonke.

Inqubomgomo ye small scale fisheries
(SSF) yaba yimpumelelo emuva
kwesikhathi eside sokulwela amalungelo
abadobi e Ningizimu Afrika; kepha,
sibonile ukuthi isenengcindezi
kwabaningi, nokuthi ukusetshenziswa
kwayo iza kancane futhi intekenteke.



NAKHU ESIKUZWILE

Iqembu lethu labacwaningi laba nezingxoxo ngocingo nabaholi babadobi eNingizimu Afrika yonkana kusuka ngo Ntulikazi-Mandulo 2020 , ukuze sifunde kabanzi ngezinkinga nokukhathazeka okubhekene nezifunda nemiphakathi eyahlukene. **Loku ngokufingqiwe kwesikuzwile.**

AMALUNGELO

**AMALUNGELO GAMA HAMBELANI
NOMONGO WOMLANDO
NOKUHLUKUMEZEKA KWESIKHATHI
SAMANJE AWENELE NGOKWAWO**

i-SSF nabadoba ngenhloso yokuziphilisa abanazo izinsiza, ezifana nempahla yokudoba, izikebhe, impahla yasehhovisi, izithuthi, neziqandisi – konke loku kusho ukuthi, noma benalo ilungelo lokudoba futhi benikiwe negunya lokudoba, abakwazi ukuqala benze inzuzo.

Loku kubalulekile ikakhulukazi kwi SSF eyanikezwa ilungelo lokudoba izilwane zolwandle ezazithengiswa kakhulu umkhakha wezentengiso kuze kube manje, isibonelo, ingwane.



IZITHEMBISO EZINGEKHO

Kubadobi kuzwakala ngathi ukubunjwa kwemifelandawonye ye SSF 'kuyisenzo' sikhulumeni sokuzenza muhle nokufica amazinga athile. Kuba nokukhulu ukuthakasa ezinkundleni zokuxhumana uma kwethulwa umfelandawonye ngokusemthethweni, kodwa akukho okuqhubekayo emva kwaloko. Izithembiso zokuqeqeshwa, izinsiza, usizo lwezezimali azikaze zafezwa.


Abadobi bathi 'kuzwakala ngathi siyaluthwa ukuze singaphumeleli'.

Kunokuntuleka komuzwa wobunikazi 'kumfelandawonye we SSF' futhi kwezinye izimo kunokuntuleka kolwazi kubadobi ngokuthi empeleni yimaphi amalungelo abo. Abanye babadobi abazi nokuthi amagama abo ashicilelwe ohlwini lamalunga e SSF.

IZINGQINAMBA ZOKUPHATHA

Uma sewubunjiwe umfelandawonye, mukhulu umthwalo othwalwa usihlalo oqokiwe ukwenza umsebenzi wokuphatha ngaphandle komholo, impahla yase hhovisi noma ukwesekwa uma eqala umsebenzi.

Kunezingqinamba nemiqansa enyukelayo ebhekene nokuphatha, ukuthola izimvume, ukukhululwa ngokomthetho kanye namanye amadokodo ehhovisi. Kanti ke maningi namathemba abekwe kulemifelandawonye. Kodwa bavimbekile ngaphambi kokuba baqale ukwenza inzuzo.



UKUVALELEKA EZIMAKETHE

Esimweni sezomnotho sanamuhla, abadobi bamazinga aphantsi ngenhloso yokuziphilisa bathola ukuxhaphazeka ngezindlela eziningi

Ezimakethe

Abadobi bavalelwe ezimakethe ezithile uthi abanamandla okuxoxisana nge ntengo

Kunemigomo 'yokudoba okucophelelwe' ebhebhethekisa ngcindezi kubadobi bamazinga aphantsi ngenhloso yokuziphilisa, ikakhulukazi ezimakethe zasemakhaya (isbonelo, Uhlulwe SASSI)

Ukwabiwa kobhaskidi, ngaphandle kokubheka isimo semakethe nezinye izimo ezingumongo.



AMANDLA OMKHAKHA WEZOKUHWABA

Kwimifelandawonye eminingi ye SSF, ayikho indlela yokwenza ibhizinisi elisimeme ngaphandle kokwenza ubudlelwane nezinkampani ezizimele, kodwa lobudlelwane busebenza ngokumelene ne SSF.

i SSF isaphoqelelwa ukusebenzela umkhakha wezinkampani ezizimele ezingathembekile.

Umkhakha ozimele unayo imali, izinsiza, ubuchwepheshe, abameli, isipiliyoni se bhizinisi, ubuhlakani kanye nokuningi i SSF engakabi nako. Kudingeka ushintsho kulobudlelwane ngakwezomnotho.



Umkhakha wezohwebo unokwethuka ngenxa ye SSF, bazama nokuyithiba okubhebhethekisa izabelo zezimvume (i SASMIA isongela ukusa i DEFF e nkantolo ngenxa yezabelo ze mvume yokudotshwa kwengwane).

Izinhlanzi ziqedwa eminye iminyango. I SSF icindezelekile egameni lokuvikelwa kwemithombo yezasolwandle, ekubeni ezinye izinhlango nemikhakha yezomnotho inomthelela omkhulu kwemithombo yezasolwandle.

Ezinye izindlela zokuziphilisa zigqozile, futhi zinemithelela eyenza abantu nemvelo kube ntekenteke (amasimu aqeda amanzi emaxhaphozini abadobi abathembele kuwo).

AMALUNGELO ABADOBI AYAHLUKUNYEZWA

Amalungelo nezimpilo zabadobi aziqondakele noma azihlonishwa ngabantu abanamandla ‘kokwenzeka ngempela emhlabathini’ nakwinqubongomo



Amaphoyisa, amasosha nabavikeli bezemvelo – abadobi babhekana neziphathimandla ezahlukene nsuku zonke ngenxa yokuzama ukuziphilisa – isikhathi esiningi basebenzisa amandla angenabulungiswa kubadobi, bebahlonza njengabangekho ‘emthethweni’, kangangokuba amalungelo abadobi ehlezi ehlukunyezwa. 10

ABADOBI ABABANDAKANYIWE EKUPHATHWENI KOLWANDLE

Amathuluzi okunakekela
nokuphathwa kolwandle
njengokuvikelwa nokuhlelwa
kwezindawo zasolwandle ayishaya
indiva inqubomgomo ye SSF, futhi
awazifezi izidingo ngokufanele
(ngokomthetho wezamazwe
omhlaba nokazwelonke)
kwezokubamba iqhaza kwabadobi
nokuphatha ngokubambisana nabo.

Ulwazi labadobi olukhethekile,
lwezizukulwane, nelokomoya
nemikhuba yosiko lushaywa indiva,
futhi luyazitshwa kwezokubusa
nokuphatha.



ABADOBI BANQATSHELWA IMVUME YOKUBA SOLWANDLE

**Abadobi bamazinga aphantsi ngenhloso
yokuziphilisa baphila novalo lokuxoshwa
ngenkani okusukela emlandweni
wakudala nokusenzeka namanje, loku
kwenza baqhele endleleni yokuziphilisa
nomuzwa wokuphucwa ubunikazi ogwini**

Imvume yokungena olwandle kubadobi
inqabe ngezindlela eziningi,
ngokwesibonelo: izinsika e Thekwini
zivaliwe, intuthuko yezokuvakasha ithiya
ukufinyelela olwandle, ukukhuliswa
kwezindawo ezivikela ezasolwandle
okunqabela ukudoba ; ukuntuleka
kwezithuthi kulabo abaxoshwa babekwa
ezindaweni ezikude; ukumba okubulala
imvelo; abalimi abaseduze nasogwini
banqabela abantu indlela yokudlula
ukuze bafinyelele olwandle.

IZINGQINAMBA ZOKUHLELA NGAZWI LINYE

Kunezingqinamba ezimayelana nokuhlela ngazwi linye kubadobi bamazinga aphantsi nangenhloso yokuziphilisa, emiphakathini nakwizifundazwe zonke

Ukuhlela ngazwi linye kunqandwa ukucwaswa kwentando yeningi kohulumeni basekhaya, nezinsongo ezinobudlova ezibhekiswe kubahleli uma bezama ukumelana nezinhlaka ezinamandla okufana nezimayini, iziphathimandla zokuvikelwa kwemvelo Kanye nezikhulu zendawo ezichemile.

Kunokuntuleka kwezinsiza zokuhlela imihlangano nokuxhumana.

Indlela inqubomgomo ye SSF eyachazwa ngayo neyayikulwela kwaba nomthelela ekucindezelweni kwabadobi abaningi, loku kwedala ukungezwani futhi kwaqeda nokwethembana kumaqembu azibandakanya nabadobi.

OKUNYE KOKUHLUKUMEZEKA OKUBHENEKE NABADOBI

- Abadobi bathola ukucwaswa ngokwebala nangezindlela ezahlukahlukene
- Izinkinga zomphakathi njengokuntuleka kwemisebenzi, ukuphuza utshwala ngokwedlulele, nobugebengu.
- Inkinga yamanzi ezindaweni eziningi zasogwini
- Ukuntuleka koxhaso lukahulumeni, ukuhlukunyezwa kwamalungelo, ukungabandakanywa ezingxoxweni nokufa kwezimake the ngesikhathi se Covid-19.



INDIMA YETHU



Isitatimende sendima yethu njenge OOH Justice Knowledge Action Network oluvela kwi qembu lika whatsapp labaholi be SSF.

Sifunde lukhulu kulonyaka, ngokukhathazeka kwabadobi bamazinga aphansi nabadoba ngenhloso yokuziphilisa, nangezindlela ezincane esingabanoxhaso kuzo.

Ziningi izinhlangano ezingenzi nzuzo Kanye nezinye ezenza umsebenzi wokuxhasa abadobi bamazinga aphansi ngenhloso yokuziphilisa ngezindlela ezahlukene. Sifisa ukugcizelela lemizamo, siphinde sixhase ukukhula kokuxhumana ukuze lomsebenzi uye phambili.

Singabacwaningi nothishela, izinto esikhona ukuzenza yilezi:

15

INDIMA YETHU, iyaqhubeka ...

Ukubhekana nezithiyo ekutholakaleni kolwazi; ukusiza senze umqondo ekulawulweni kwezinqumo zasolwandle nabadobi; ulwazi oludumile ngamalungelo abadobi; nokugqugquzela ukuhanjiswa kolwazi mayelana nabadobi bamazinga aphansi ngenhloso yokuziphilisa

Ukusiza ngezokuxhumana, ukuxhumanisa izinhlaka ezahlukene zabantu okubalwa nabadobi uqobo, abacwaningi, abameli nezinhlangano zabantu, njengemikhankaso yamanzi, imikhankaso yamalungelo omhlaba, imikhankaso elwisa ukumbiwa kolwandle, izinhlangano ezilwela ubulungiswa bemvelo kanye nezabasebenzi abangakabhalisi ngokomthetho.



16

INDIMA YETHU iyaqhubeka ...



Ukusiza sihlanganise imihlangano yabadobi nombimbi lwabo kanye nokwakha amasu azoxazulula izinkinga zabadobi

Ukulwela ukubandakanywa kwabadobi ezinqumeni ezibathintayo (isibonelo amafutha nesis, ukuthuthukiswa kwezindawo ezivikela ulwandle, ukuhlelwa kwezindawo zolwandle)

Imfundo nokugqugquzela ulwazi kososayensi nabenza izinqumo ngamalungelo abadobi

Ukukhulisa izindaba namazwi abadobi e.g. eshashalazini, izinkulumo eziqoshiwe zagcinwa, nemibhalo ezinkundleni zokuxhumana.

IZICELO EZIKHETHEKILE ZOCWANINGO NOKWESEKA

OKUDINGA KWENZIWE

Phendula uphinde ugqugquzele ulwazi ngokuhlukumezeka kwabadobi yiziphathimandla zemvelo.

Cela ulwazi lwangempela mayelana nokuthi izindlela zabadobi zokuziphilisa zithinteka kanjani uma kugqobhozwa olwandle noma kumbiwa isihlabathi.

SINGAPHENDULA KANJANI

Khankasa ezinkundleni zokuxhumana; Cela izeluleko kubameli

Yiba umkhulumeli woshintsho ezindaweni ezivikela ezolwandle nombuso wokuhlelwa kwezindawo zasolwandle.

Thola uphinde wabelane ngolwazi ngezimayini ezahlukene nezindlela zokubambisa umphakathi iqhaza kwezenthuthuko;

Thola izeluleko eziyiqiniso kososayensi ngomthelela ezimpilweni zabadobi.

IZICELO EZIKHETHEKILE ZOCWANINGO NOKWESEKA

OKUDINGA KWENZIWE

Abadobi bafuna izinto zenzelwe obala ngokwesayensi nezizathu ngokwabiwa kwezinhlobo zezilwane ezidotshwa olwandle, ukuklanywa, nokuhlelewa kwezindawo zezasolwandle . Ulwazi lwabo alufakiwe ezinhlelweni zokuthathwa kwalezizinqumo.

Ukusebenzisa izinkundla zokuxhumana ukukhankasela amalungelo abadobi.

SINGAPHENDULA KANJANI

Ukumela imiphakathi ukuze ibambe iqhaza ngokuphathekayo, ucwaningo nokuphatha ngokubambisana;

Szame ukubonela 'imikuba emihle kakhulu' esezindaweni ezimbalwa ezinezifundo.

Ukubhala izihloko zocwaningo, izitatimende zamaphephandaba, usabalalise ezinkundleni zokuxhumana njenge twitter.

IZICELO EZIKHETHEKILE ZOCWANINGO NOKWESEKA

OKUDINGA KWENZIWE

Ukugqugquzela imihlangano nomnyango we DEFF ukuxoxisana ngezinkinga ezahlukene

Ukuqeqeshwa nezinsiza kwemifela ndawonye.

- Izikebhe neziqandisi;
- Izeluleko zokomthetho mayelana nezinkontileka, isibonelo, ingwane, imbaza;
- ukuqeqeshwa ngokufuya izimbaza;
- Ukuqeqeshelwa ukuphathwa kwebhinisi;
- Ukuqeqeshwa kwabashayeli bezikebhe
- Amakhono empilo – ukusebenzisa intanethi, imeyili, imishini yokuthwebula nezokuxhumana, nezinye izindlela zokuziphilisa njengezingadi zasemakhaya

SINGAPHENDULA KANJANI

Kumele siqambe amasu nezindlela zokubandakanya ne DEFF, kanye nombimbi lomphakathi; ngenhloso yokwenza imihlangano esezingeni eliphezulu phakathi kobuholi be SSF nabaphathi be DEFF esifundazweni ngasinye.

Ukumela ukuthi i DEFF ilandelele kulezinkinga

Ukuxhumanisa abadobi nabameli abanentshisekelo ngomphakathi ngezindlela zezinkontileka.

Ukuhlanganisa imihlangano nezinkampani ezizimele mayelana nezinkontileka

Ukuxhumanisa nezinhlangano zezemfundo ezidumile

Ukugqugquzela ukushintshana kolwazi mgezimakethe ezincane nezifundo zemifela ndawonye zakwezinye izindawo.

IZICELO EZIKHETHEKILE ZOCWANINGO NOKWESEKA

OKUDINGA KWENZIWE

Abadobi besifazane badinga izeluleko, ukwesekwa nokugqugquzelwa ngezindlela zempilo ezahlukenene.

Ukuvakashela i 'Lalela Ulwandle' okungumdlalo weshashalazi oqoshiwe, ukwabelana nolwazi kwezesayensi zokudoba, nangezici zokomoya wasolwandle

SINGAPHENDULA KANJANI

Kumele sakhe iqembu elibumbene labadobi besifazane; sifune ukuqeqeshwa okuthile Kanye namanye amathuba; sifunde kwamanye **amaqembu** ngezindlela abadobi besifazane bengathuthukisa ngazo ibhizinisi

Ukwabelana ngomdlalo womsakazo i 'Lalela Ulwandle' siphinde sihlele futhi ukuvakashela i 'Lalela Ulwandle' ; siqambe omunye umdlalo ngokubambisana ozobanenge SSF nezinye zokudoba

IMININGWANE YOKUXHUMANA NATHI

Lelibhukwana liqoshwe yi qembu le One Ocean Hub Coastal Justice Knowledge Action Network elinze kwi Environmental Learning Research Centre, eNyuvesi i Rhodes University e Makhanda. Leliqembu lisebenzisa izindaba zemiphakathi nokwaxhiwa kokuxhumana nobumbano ekufuneni ezinye izindlela zokubamba iqhaza elinomqondo ekuphathweni kolwandle nobulungiswa ogwini.

i Empatheatre iyindlela yokwenza ucwaningo egxile emidlalweni yeshashalazi, ikhanda izindawo lapho kuqanjwa izindlela ezintsha zokudingida izimo zenhlalo yemiphakathi. Ngonyaka wezi 2019, i Empatheatre Collective yaqamba umdlalo obizwa ngokuthi 'Lalela Ulwandle', omayelana nokwahlukahlukana kobudlelwane abantu base Ninginzimu Afrika abanabo nolwandle. Funda kabanzi lapha:

<https://www.empatheatre.com/lalela-ulwandle>

i One Ocean Hub uhlelo locwaningo olwenziwe ngokuhlanganyela ukuze kufezeke umbono wokubusa nokuphatha ulwandle ngazwi linye ngokulingana nangokucophelela okubandakanya abantu. Ixhaswe yi UKRI ngezimali zocwaningo olubheka izingqinamba zomhlaba wonke (Global Challenges Research Fund).

<https://oneoceanhub.org>

i Environmental Learning Research Centre iyikhaya lomphakathi wabacwaningi ophilile ohlukahlukene Kanye nompetha kwezokufundisa ezemvelo, futhi iyingxenywe yesikhungo sesifunda esifundisa izindlela ezintsha kwezemvelo.

<https://www.ru.ac.za/elnrc>

Ukuthola kabanzi xhumana no Taryn Pereira: tpereira@ru.ac.za



